

# INKULUMO YESABELOMALI SIKA 2019/20

## IVOTI 6: IHHOVISI LIKAMGCINIMAF



**UMHLONISHWA, UMNUZ. RAVIGASEN RANGANATHAN PILLAY, MPL  
UMPHATHISWA WEZEZIMALI**

## Inkulomo yesabelomali eyethulwa uMnuz. R.R. Pillay, MPL UMphathiswa wezeziMali

Ngesikhathi kwethulwa iSabelomali seVoti 6 esiShayamthetho sesiFundazwe

25 kuNtulikazi 2019

Somlomo oHloniphekile

Malungu aHloniphekile

INhloko yeHhovisi likaMgcinimafa nabaSebenzi abaKhona

AbaHoli kwezamaBhizinisi, kwezeMfundu, kwezeNkolo naseMphakathini

Abamaziko eziNdaba

BaFowethu noDadewethu

BoZakwethu nabaNgani

### 1. ISINGENISO

Kuyintokozo kimina ukwethula iSabelomali sika 2019/20 seHhovisi likaMgcinimafa wesiFundazwe esingu R721 629 million. Somlomo, emasontweni amabili adlule, bengimi lapha ngesikhathi ngivuselela uMthethosivivinywa woKwabiwa kweziMali ka 2019/20. Kuleyo nkulomo ngaveza isithombe mayelana nezimo ezinzima zomnotho esibhekene nazo ngaphinde ngethula ezinye izinhlelo iHhovisi likaMgcinimafa elizoziqala kulo hulumeni wehlandla lesithupha. Ngizokwenaba ngalezi zinto ngokuhamba kwasikhathi.

Malungu ahloniphekile, ubunzima esibhekene nabo kwezomnotho kusho ukuthi isabelomali esinaso kasenele ukufezekisa, kanye kanye, izinto eziningi esimelwe wukuzenza. Ngakho-ke, lokhu kusiphosela inselelo njengeHhovisi likaMgcinimafa lesiFundazwe ukuba siqaphele uma senza umsebenzi wethu njengabaqaphi besikhwama semali yomphakathi. Kuphinde kusho ukuthi kumele sibe nombono futhi siqhamuke namasu amasha ngendlela esisebenzisa ngayo izinsiza zethu ezingatheni.

UMengameli wokuqala waseGhana, uKwame Nkrumah uyibeka ngokucacile lapho ethi ***“Bantu bakithi, umsebenzi esibhekene nawo mkhulu, ijoka lawo liyasinda, kodwa uyinselelo enhle nethokozisayo – inselelo emema ukuba sibe nokuzimisela, sibe***

***namaphupho, sikholve, futhi sisukume sizame, sibe nombono, sizimisele ukulwa, sizimisele ukusebenza, sizimisele ukuphumelela – ukufeza izinto ezinkulu ezinhle siveze namandla esidalwa esingumuntu”.***

Asikwazi ukusonga izandla singenzi lutho bese sihlale sikhala ngalezi zinkinga. Kumele sishintshe imiqondo yethu siyeke ukuhlale sicabanga ngalokho esinakho nesingenakho kodwa kumele sigxile ekutheni sikusebenzisa kanjani lokho esinakho. Sifuna ukuqinisekisa ukuthi irandi ngalinye lenza umsebenzi obonakalayo futhi siqinisekise ukuthi siyaveza ukuthi irandi nerandi lenzeni. Lokhu kuzoba ngenye yezinto esizogxila kuzo eHhovisi likaMgcinimafa kulo nyaka wezimali. Singakwenza lokhu uma siqeda ukumoseka kwezimali, silwa nenkohlakalo futhi senza ngcono ukuphatha eminyangweni yethu yonke, komasipala nasemabhizinisini kahulumeni. Lokhu-ke kuzobe sekutqinisekisa ukuthi sithola okuyifanele imali emisebenzini esihlinzekwa ngayo nempahla esiyithengayo. Ukuze sifeze lokhu sidinga ukuzibophezelu nokusebenzisana neminyango kanye nomasipala. Angingabazi ukuthi sizosebenzisana.

Njengoba sasho ngesikhathi sethula isabelomali sesifundazwe, ijoka lethu njengeHhovisi likaMgcinimafa esiFundazweni akumele nje kube ukugcina amabhuku ezimali kuphela. Lo mnyango siphinde siwubuke njengomunye webalulekile emizamweni yethu yokwakha isizwe esithuthukayo njengoba kuhlongoziwe oHlelweni IweNtuthuko lukaZwelonke (National Development Plan). Lokhu sizokwenza ngezinhlelo zethu sigxile ekwesekweni kwezihlelo zengqalasizinda, ukuphathwa kwezimali, ukwenziwa kophenyo, nokuphathwa kwezimali zomasipala.

IManifesto ye-ANC iphinde isiyalele ukuba njengohulumeni “senze okungaphezulu ukubhekana neqhaza lomkhakha wevezimali ekuthuthukiseni isizwe, okubandakanya izinkinga zokuthola uxhaso Iwezimali zokuqala amabhizinisi amancane, izindlu, amabhini enalokishini nasemakhaya nakwezengqalasizinda.” Nakuba lona kungumsebenzi obhekene ikhakhulazi nohulumeni kazwelonke, lokhu akusivimbi ukuba senze okungangamandla ethu nathi kulo mbono.

UMnyango usiphumelele ukuqala uhlelo olusha ne-Absa, oselubekele uR70 million obolekisayo ozoxhasa isiKhwama samaBhizinisi eNtsha nomunye uR500 million obolekisayo ozoxhasa amabhizinisi amancane nemifelandawonye esebebisana nohulumeni wesifundazwe. Kuningi esingakufeza uma siba nobambiswano phakathi kukahulumeni, amabhizinisi, abasebenzi, umphakathi ngobubanzi nobuholi bomdabu. Sizozama ukukhuthala ukuthola lolu bambiswano. Sizozama ezinye izikhungo zezimali

ukuba zisijoyine zibambisane nohulumeni ukubhekana nezinye zalezi zinselelo esibhekene nazo njengezwe.

Angigcizelele, maLungu aHloniphekile, ukuthi uma sikhuluma ngokubambisana nezinhlaka zomphakathi akukhathaleki ukuthi ungakuluphi uhlangothi kwezopolitiki. Konke kudinga ukuzibophezelwa kwethu sonke ukuze sibambe iqhaza ekukhuliseni isizwe. Sikugcizelela kakhulu ukwakha ubambisano nezinhlaka zomphakathi. Kungumsebenzi wethu ukuba sifuqe ukwakhiwa kwalobu budlelwane. Njengabantu bezwe eliodwa, kumele sibumbane.

Umbhali oyingcithabuchopho wencwadi eyadayisa kakhulu esihloko sithi ‘Things Fall Apart’, uChinua Achebe, uloba kanje encwadini yakhe: *“Indoda emema omakhelwane bayo esidlweni esikhulu ayikwenzi lokho ngoba ifuna ukubephula endlaleni. Labo bantu banakho ukudla emizini yabo. Uma sihlangana ndawonye egcekeni lesigodi sethu ngokuphuma kwenyanga lokho asikwenzi ngoba sifuna ukubona inyanga. Wonke umuntu angayibona inyanga noma ngabe ekwakhe. Sihlangana ndawonye ngoba kuyinto enhle omakhelwane okumele bayenze.”*

Ukumelana kwethu nezimo njengabantu yikhona okusenza sibe namandla. Ngakho-ke sizoqinisekisa ukuthi iHhovisi likaMgcinimafa esiFundazweni nalo lenziwa ukuba likwazi ukumelana nezimo.

Ngokuholwa wuMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMphakathi (Public Finance Management Act) noMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala (Municipal Finance Management Act), iHhovisi likaMngcinimafa lizqhube ka nokulwela ukuba “*Yinsika yokuqinisekisa ukuphathwa kahle kwezimali nokulawulwa kwesikhwama sezimali ezweni lonke.*”

Lesi sabelomali engisethulayo sizoba yisisekelo sohlelo lwethu lokuhlinzeka uzinzo kwezezimali, ukwakha uhulumeni onekhono futhi othuthukayo nokuhlinzeka izinguquko ezibalulekile.

## 1.1 UKUZIBOPHEZELA KWEHHOVISI LIKAMGCINIMAF A WESIFUNDAZWE

Onyakeni wezimali ka 2019/20 sizoqala ngokugxula kulokhu okulandelayo:

- Izinhlelo zokulawula zangaphakathi ezicacile zokubhekana nezindaba zangaphakathi emiNyangweni, koMasipala nasemaBhizinisini kaHulumeni

- ngesikhathi kuqhutsekwa nokuqinisekisa ukuthi kuba nomkhankaso wesikhathi eside wokuphucula ukucwaningwa kwamabhuku nempumelelo;
- Ukuthatha amagxathu afanele ukulwa nenkohlakalo nokukhwabanisa kuhulumeni;
  - Ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zokukhishwa kwamathenda zibekwa obala futhi azenzeleli. Ukugxila ekukhuthazeni uHlelo lokuThuthukiswa kwabaMnyama kwezoMnotho (B-BBEE) ngezinqubomgomu ezisebenzayo zokukhishwa kwamthenda;
  - Ukuqinisekisa ukuthi imali isetshenziswa yonke njengokwabiwa kwayo (yiminyango) kulandelwa uhlelo lokulawula nokuqapha ukusebenza kwezimali kwaphakathi nonyaka;
  - Ukuqhubeka nokugcina isifundazwe sisesimweni esihle sezimali;
  - Ukukhuthaza ukulekelwa komasipala namabhizinisi kahulumeni ukuze kuphathwe kahle izimali; kanye
  - Nokuhlinzeka olunye usizo eminyangweni, emabhizinisini kahulumeni nakomasipala ukuze kuqhutshwe amaphrojekthi engqalasizinda amileyo.

IzinjaNgo zethu ukuqhakambisa isidingo sokuba iHhovisi likaMgcinimafa wesiFundazwe libe nobudlelwane obuqinile nabo bonke abaPhathiswa, iminyango yabo kanye namabhizinisi kahulumeni. Ngokusebenzisana noNdunankulu kanye noMnyango wezokuBusa ngokuBambisana, iHhovisi likaMgcinimafa esifundazweni lizokwakha ubudlelwano obuqinile nabo bonke omasipala. Lobu budlelwano kumele kwakhiwe phezulu kwesisekelo sokwethembana nokwesekana. Sonke siyadinga ukusebenza njengophathina ekukhuthazeni ukubusa okuhle nokuhlinzeka kwezidingo okwamukelekayo.

## **2. ISITHOMBE NGENGENISOMALI, UXHASOMALI NEMALI ESEBENZISWAYO OHLELWENI NGALUNYE**

Njengamanje ngizokhuluma ngqo ngohlelo IweHhovisi likaMgcinimafa lokuqoqa izimali, uxhasomali elitholwa umnyango kanjalo nokulandela izinjaNgo zokuhlinzeka izidingo nokuxhaswa kohlelo ngalunye IweHhovisi likaMgcinimafa esifundazweni onyakeni ozoqala. Imininingwane egcwele iqukethwe kusomqulu *iVote 6 Estimates of the Provincial Revenue and Expenditure (EPRE)* kanjalo nasoHlelweni lokuSebenza loNyaka lomnyango.

Isabelomali somnyango sesisonke senyuke ngoR70.7 million sisuka kuR650.9 million saya kuR721.6 million. Lokhu kwenyuka kuka10.8% kudalwe ikakhulukazi wukwenyuka kwezimali zokuxhasa uphiko locwaningo Iwangaphakathi kanjalo nokuxhaswa kokungenelela ohlelwani lokukhishwa kwamathenda eMnyangweni wezeMpilo.

## 2.1 INGENISOMALI

**Imali eqoqwe wumnyango – R365.842 million**

**(sisuka kuR296.056 million ngo 2018/19) okungukwenyuka kuka 23.5%**

Imali eningi yeHhovisi likaMgcinimafa wesiFundazwe njengamanje yinzalo yemali ekwi-akhawunti yasebhange yesifundazwe. Le mali ivela ikakhulukazi kwinzalo yemali yesiKhwama seNgenisomali sesiFundazwe kumabhalansi e-akhawunti eDidiyela iziMali eziSetshenziswa emiNyangweni kaHulumeni eHlukene (Intergovernmental Cash Co-ordinating account) ekwiBhangengodla. Ukuze kutholakale inzalo enkulu, ukukhishwa kwezimali kule akhawunti kwenzeka kuphela uma kudingke imali. Ukwenza kangcono kulokhu kuqoqwa kwezimali kulo mkhakha kule minyaka edlule yakamuva nje kungenxa yokubambisana ekuqaliseni izinhlelo ze-cash blocking nokunciphisa izindleko kweminyango kahulumeni wesifundazwe.

## 2.2 UXHASOMALI

**Uxhasomali IweGlobal Fund nguR61.994 million onyakeni ka 2019/20**

Uxhasomali IweGlobal Fund lokulwa neNgculaza, isiFo soFuba noMalaleveva wuhlelo lokuxhasa ngezimali olusungulwe ngo 2002 ukwandisa izinsiza ezabelwe ukulwa nalezi zifo ezintathu okuyiSandulela-ngculaza neNgculaza uqobo, iSifo soFuba noMalaleveva. Le nhlangano izinze eGeneva, eSwitzerland, kanti ayizenzeli yona lolu hlelo kodwa, esikhundleni salokho, ixhasa ngezimali izinhlelo kulawo mazwe emukela uxhaso kusetshenziswa ubambiswano phakathi kukahulumeni namabhizinisi azimele okuwuHlelo lokuDidiyelwa yiZwe, oweMukela uXhaso, nabancane abeMukela uXhaso.

I-Global Fund igunyaze isicelo soxhasomali seNingizimu Afrika sohlelo Iwe-HIV/Aids ngaphansi kohlelo olusha lokuxhaswa. IHhovisi loMgcinimafa esiFundazweni lemukele lolu xhasomali KwaZulu-Natal. Uxhasomali luphele ngoNdasa 2019. IGlobal Fund igunyazwe uxhaso lukaR61.994 million ukuqinisekisa ukuphothulwa

ngendlela efanele kwawo wonke amaphrojekthi. Isamba esikhulu sesabelomali sokuphothula amaphrojekthi (uR48 million) ngesemali engukhesi neyohlelo lokunakekela.

Lolu hlelo luhlose ukuhlinzeka ngesibonelelo emantombazaneni nakwabesifazane njengengxene ye yohlelo lokuvikela iSandulelangculaza neNgculaza ukuze bahlale bengenaso isandulela-ngculaza kanti nalabo asebehaqekile bakwazi ukuthola ukwelashwa. Isibonelelo sitholakala uma sewuke wethamela isigcawu sokwelulekwa. Kukhona nesamba sikaR10 000 esitholwa ngowesifazane ukuze aziqalele ibhizinisi lakhe elincane.

### **3. IMALI EZISETSHENZISWA OHLELWENI NGALUNYE**

#### **3.1 UHLELO 1: EZABASEBENZI – R220.209 MILLION (ISUKA KU R192.377 MILLION NGO 2018/19)**

Ukwenyuka ngo 14% kwisabelomali kubangelwe kakhulu wuhlelo oluthile lokungenelela kweHhovisi loMgcinimafa ohlelweni lokukhishwa kwamathenda loMnyango wezeMpilo. NgoMbasa 2017, uMkhandlu oPhethe KwaZulu-Natal wanquma ukuba iHhovisi likaMgcinimafa lingenelele ngokweSigaba 18(2) (g) eMnyangweni wezeMpilo KwaZulu-Natal. Lolu ngenelelo lwenziwa ngaphansi kohlelo lwemisebenzi yezokuphatha.

Lolu hlelo lubhekele imisebenzi yezokuphatha neminye imisebenzi ebalulekile yoMnyango, futhi lubandakanya yonke imisebenzi yokulawula nokusebenza eHhovisi likaMgcinimafa wesFundazwe. Lihlanganise amaHhovisi abaPhathiswa, iNhloko yoMnyango, isiKhulu esiPhezulu kwezeziMali nemiSebenzi yoMnyango, okubandakanya uphiko olubhekele iziNdaba zabasebenzi.

##### **3.1.1 Uhlelo i-Operation Sukuma Sakhe (OSS)**

IKhabhinethi yesiFundazwe isungule futhi yaqalisa uhlelo i-Operation Sukuma Sakhe (OSS) ukuze kulekelelwizinhlelo ezikhona zeminyango kahulumeni zokuhlinzeka izidingo. Lokhu empeleni kuhlose ukuphucula ukuhlinzekwa kwezidingo futhi kuqede izihibe ezivimbela abantu nemiphakathi ekutheni bakwazi ukuthola izidingo kuhulumeni. Lokhu, kulekelela imizamo kahulumeni yokulwa nobubha nokubhekana

nezingqinamba ezejwayelekile emphakathini. Lolu wuhlelo lokungenelela oluvunywe kuzwelonke kanye nasezingeni lomhlaba.

Uhlaka lokusebenza Iwe-OSS lubandakanya abaPhathiswa okuyizona izinhloko zezifunda ngokwepolitiki kanti nezinhloko zeminyango nazo zitshalwa ezifundeni ezahlukene. UMphathiswa utshalwa esiFundeni saseMgungundlovu kuthi iNhloko yoMnyango itshalwe kuMasipala weTheku.

IKhabhinethi yesifundazwe isingatha imicimbi ye-OSS nyanga zonke. Le micimbi ididiyelwa yiHhovisi likaNdunankulu ngokushintshashintsha zonke izifunda KwaZulu-Natal.

### **3.1.2 Uhlelo lokuFinyelela nokuSiza eMphakathini**

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika uyalela amaHhovisi abaGcinimafa beziFundazwe ukuba ahlele izingxoxo phakathi kukahulumeni nomphakathi ngendaba yokuhlinzekwa kwezidingo. IHhovisi loMgcinimafa wesiFundazwe likhipha ulwazi liphinde lihangane nomphakathi nabanye abathintekayo ukuqinisekisa ukuthi kuba nohlelo lokwabelana ngemibono nxazonke.

Lo mnyango usuqale indlela ehlukile yokusingatha uhlelo lokuya emphakathini. Esikhundleni sokuba kube nemicimbi emikhulu egcwala izinkumbi, umnyango ukhetha bese uxhasa izinhlangano ezingenzi nzuko ezisebenza emphakathini ukuze kuthuthukiswe futhi kuphuculwe izimpilo zabantu. Isiqubulo seHhovisi likaMgcinimafa wesiFundazwe ukwenza umehluko nokulekelela ekubhekaneni nezidingo zabantu. Lo mnyango unabasebenzi abanothando futhi unophiko Iwezokuxhumana olusebenzayo ukubhekana nalo msebenzi.

UMphathiswa neNhloko yoMnyango, banamaphrojekthi okwelula isandla emphakathi abandakanya:

- Ukunikelwa komfaniswano wesikole, amakhompyutha asebenzile nezinye izinsiza kubafundi abahlwempu abahlonzwa ngesikhathi kunezigcawu zama-war rooms,
- Ukulekelela izindawo ezhlaselwe yisomiso ngokuhlinzeka amathangi amanzi ezikoleni. (Lokhu kubandakanya ukufakwa kwamathangi amanzi nokusabalalisa amanzi kanjalo nokumbiwa kwezigwedlo nokufakwa kogadasi),

- Ukuzama uxhaso lokwakha nokulungisa ingqalasizinda yezikole,
- Ukusebenzisana noMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukulekelela izinhlangano ezingenzinzuso ezisemthethweni, kugxilwa kakhulu ezinganeni eziyizintandane nabadala.

Kulo nyaka, umnyango uzogxila ekukhulumisaneni nochwepheshe nentsha nabasha abasemikhakheni ephezulu kwezobuchwepheshe.

Ngophiko lakwa-Inter-governmental Relations (IGR), iHhovisi leNhloko yoMnyango liyaqhube ka nokuhola izinhlelo zeHhovisi likaMgcinimafa kuZwelonke nezeSETA yoHulumeni baseKhaya okuhloswe ngazo ukuhlangabezana namazinga emukelekile olwazi lokuphathwa kwezimali komasipala esifundazweni okuyilawa:

i. **UMthethonqubo Wekhono Elamukelekile**

Lolu hlelo Iwakhelwe ukufezekisa izidingo zeziGaba 83, 107 no 119 zeMFMA phakathi kokunye ezithi, *“izikhulu eziphezulu, izimenenja emazingeni aphezulu, izikhulu eziphethe izimali nabanye abasebenzi bezezimali kumasipala kumele bahlangabezane namazinga emukelekile olwazi lokuphathwa kwezimali abekiwe.”*

Uhlelo luhlose ukuphucula ikhono lokuphathwa kwezimali emazingeni eziMenenja zoMasipala, iziKhulu eziPhezulu ekuPhathweni kweziMali neziMenenja zakwa-Supply Chain ukuze kwandiswe amathuba okutholakala kwemibiko yokucwaningwa kwamabhuku engenagcobho komasipala.

ii. **UHlelo IokuQeqeshela ukuPhathwa kweziMali koMasipala**

Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukuba kuqequeshe intsha eqala ukusebenza eqashwe ezinhlakeni ezifana nezolokuhlela nokulawula ukusebenza, isabelomali kumasipala, ukukhishwa kwamathenda nakwezezimali ukuze bakhulise amakhono abo ukuze bengeze ikhono ekusebenzeni komasipala, futhi benze kube nesizinda lapho kungatholakala khona abantu abanamakhono uma kuvela amathuba okusebenza ngokugcwele komasipala.

Lolu hlelo lukhuluma ngqo nokubhekana nokushoda kwabantu abanekhono nabanesipiliyonu okuyinkinga ebhekene nomasipala abanangi basemakhaya, okwenza ukuthi izikhala ezibalulekile zigcine

zingagcwalisiwe noma zigcwaliswe ngabantu abangaqequeshiwe ngokufanele.

**iii. Uhlelo Lwentsha**

Lolu hlelo luzinze eHhovisi likaNdunankulu kanti luLangana neHhovisi likaMgcinimafa nge-IGR. Luhlose ukwenza kube nokusebenzisana nokudidiyelwa ndawonye kwezinlelo zeminyango ukuze kuthuthukiswe intsha esifundazweni ngokuthi kuqinisekiswe ukuthi intsha iba yingxene yezinlelo zikahulumeni eziqhamuka nePhalamende leNtsha nokuqaliswa kwezinqumo zalapho.

Isifundazwe sesiqale uhlelo olubheka nxazonke Iweminyango ehlukenefuthioludidiyelwe oluzobhekana nezidingo ezingokwenhlalo zentsha KwaZulu-Natal. Luyahambisana nohlaka Iwenqubomgomu Iwesifundazwe nezinlelo ezilawula uhulumeni nezinhlaka asebenzisana nazo emphakathini ukuze izinlelo zabo zihambisane nalo. I-IGR iyingxene yethimba lesifundazwe elididiyela, lihlanganise futhi liqaphe izinlelo zokungenelela ekuthuthukisweni kwentsha futhi isebeenzisana neHhovisi likaNdunankulu ukubika ngenqubekela phambili esifundazweni.

**iv. Ukwandisa isizinda samakhono kwezezimali kuHulumeni wesifundazwe**

IHhovisi likaMgcinimafa KwaZulu-Natal lathole imvume yokuqequesha evela esikhungweni *iSouth African Institute of Chartered Accountants* (SAICA) ngoZibandlela ka 2015. NgoMasingana ka 2019, lo mnyango wemukele abanye abathathu abebezoqequeshelwa umsebenzi wokubala izimali (*chartered accountants*) okwenze isibalo sabo safinyelela kwabayishumi nanye, njengoba kunabayisishiyagalombili abasaqequeshelwa wona umsebenzi wokubalwa kwezimali (CA), nabathathu asebephothule ngempumelelo ukuba ngama *Chartered Accountants* aqeqeshwe nguHulumeni okumanje basohlelweni Iwangaphakathi Iweminyaka emibili lokuzithuthukisa. Lolu hlelo ngolokuphendula kwikhwelo likaMengameli lokwandisa amakhono okuphathwa kwezezimali ezweni lonke. Ngalolu hlelo, iHhovisi likaMgcinimafa lizophinde landise amakhono eminyangweni yesifundazwe nakomasipala ukuze bakwazi ukuphatha kahle izimali.

iHhovisi likaMgcinimafa wesiFundazwe litshale izimali esikhwameni somfundaze iThuthuka Busary Fund okuyisikhwama sabafundi ababencishwe amathuba esikhathini esiphambili ezifundweni ezithinta izimali abafuna ukuqhuba izifundo zabo emkhakheni wobu*Chartered Accountant*. Bangu 82 sebebonke abafundi okumanje baxhaswe yilo mnyango. Bonke laba bafundi baqhamuka ezifundeni ezahlukene zomasipala eKZN, kanti kulindeleke ukuba basebenzele isifundazwe uma bephothula izifundo zabo. Yibona abazoghubeleka ohlelweni lokuqeleshwa olubalulwe ngasenhla.

### **3.2 UHLELO 2: UKULAWULWA NGENDLELA ENOKONGA KWEZINSIZA**

**– R47.641 MILLION (ISUKA KU R40.657 MILLION NGESABELO SIKA 2018/19)**

Ushintsho olukhulu kulesi sabelomali uma kuqhathaniswa nezabelomali zaphambilini wukuthi iHhovisi likaMgcinimafa kuZwelonke labe uR5 million ngonyaka labela amaHhovisi eziFundazwe imali eya ezimpikweni ezibhekele ingqalasizinda. Lesi sabelo sibhekiswe ngqo ukweseka imizamo ekhona yokwandisa ikhono kwezobuchwepheshe emahhovisi abhekene ingqalasizinda ukuze kwenziwe ukuhlinzekwa kwengqalasizinda kusheshe ezifundazweni.

Inhoso enkulu yoHlelo 2 ukulawula kahle nokuqapha isikhwama sesifundazwe nohlelo lokwabiwa kwezimali. Ukuqinisekisa usizo kwezezimali esifundazweni yikhona okubhekwe kakhulu ukuba kufezekiswe ngokuthi kuqashwe ngeso lokhozi ingeniso nezindleko zeminyango ukuze kuqinisekiswe ukuthi kusetshenziswa izimali ebezhleliwe.

Njengoba ngishilo kwinkulomo yeSabelomali engiyethule mhla ka 9 kuNtulikazi, isibophezelo sethu sokuqinisekisa ukuthi sisebenzisa lesi isabelomali ngendlela enokucophelela nangendlela eyiyo sisamile. Ngenxa yalokho, izinhlelo zokunciphisa izindleko zisalokhu zikhona. Lezi zinhlelo zizosisiza ukuba sikhazi ukugxilisa isabelomali sethu lapho sidingeka khona ngempela ukuze sifeze izidingo ezibalulekile zesifundazwe.

#### **3.2.1 IziMali zoMphakathi**

Lolu phiko lulawula izinhlelo zokwabiwa kwezimali. Iqhaza lalo libandakanya imibiko yanyanga zonke neyamakota onyaka esetshenziswa yizinhlaka eziqaphile, njengesiShayamthetho noMkhandlu oPhethe wesiFundazwe, ngombono wokuba kuqinisekiswe ukuthi iKwaZulu-

Natal ayichezuki ezimalini eyabelwe zona. Lo msebenzi wokuqapha wenziwa eminyangweni nasemabhizinisini kahulumeni. Sisazibophezele ukuqinisekisa ukuthi abantu KwaZulu-Natal bathola usizo abaludingayo nolubafanele nokuthi izimali ziyahlangabezana nezidingo eziphambili zesifundazwe.

Njengoba ngishilo, izinhlelo zokunciphisa izindleko ziqaqhube ka futhi kumele zilandelwe yiyona yonke iminyango namabhizinisi kahulumeni, njengoba kusho isekhula yokunciphisa izindleko. Lokhu kwenza umehluko obonakalayo ekongeni izimalini ezisetshenziswa yiminyango ngenhloso yokunciphisa izindleko ezintweni ezithile ukuze kusetshenziswe lezo zimali ezinhlelweni zokuhlinzekwa kwezidindo. Le Ndlela yokuzithiba lapho kusetshenziswa izimali isisizile esikhathini esiphambili kanti izoqhube ka nokusisiza sibhekane nokuncipha kwesabelomali futhi sigxile ezinhlelweni zethu ezibalulekile. Wonke umuntu kulo hulumeni wesifundazwe kumele akwenze umthwalo wakhe ukunciphisa izindleko ngoba lokhu akuwona nje umsebenzi weHhovisi likaMgcinimafa wesifundazwe kuphela. Sonke kumele sibambe iqhaza.

Uphiko IweziMali zoMphakathi luzoqhube ka nokubonisana neHhovisi likaMgcinimafa kuZwelonke ukuqinisekisa ukuthi isifundazwe sithola ingxenye yaso esifanele ezimalini ezihlanganiswa kuzwelonke futhi lokhu kubandakanya ukubuyekezwa kwendlela okwabiwa ngayo izimali zezifundzwe kanjalo nengxenye etholakalayo.

### **3.2.2 Uphiko IwezeNgqalasizinda nokuHlaziya kwezoMnotho**

Lolu phiko luhlinzeka umkhombandlela kuyona yonke iminyango eyenza amaphrojekthi engqalasizinda. Lapha sibala umkhombandlela kwezokuhlela, ukwenza isabelomali nokuqalwa kwamasu engqalasizinda. Lolu phiko luhlinzeka umkhombandlela kuyona yonke iminyango, amabhizinisi kahulumeni nomasipala uma sebenza amaphrojekthi engqalasizinda, ikakhulukazi ukukhulula amaphrojekthi engqalasizinda anezingqinamba noma ahamba ngesivinini esincane.

*I-Estimates of the Provincial Revenue and Expenditure* engiyethule ngasekuqaleni kwale nyanga ngesikhathi ngivuselela isabelomali sesifundazwe ibala wonke amaphrojekthi engqalasizinda umnyango ngamunye ozowenza kulo nyaka weMTEF. Lolu shicilelo lubaluleke kakhulu ngoba lungadlala indima ebalulekile ekuqapheni ngendlela mayelana

nokuhlinzekwa kwengqalasizinda esifundazweni sethu. Ingalekelela amaLungu ale Ndlu ukuthi akwazi ukudlala indima yawo yokuqapha ezingeni lamaphrojekthi.

### **3.3 UHLELO 3: UKUPHATHWA KWEZIMALI – R223.541 MILLION (ISUKA KU R209.602 MILLION NGO 2018/19)**

#### **3.3.1 Uhlelo Iwe-Accounting Services**

Ukwenyuka kwalesi sabelomali salolu hlelo kungenxa yoxhasomali luka R10 million olwabelwe uhlelo oluncane Iwaka-*Accounting Services* ukuze baqhubeke nokulekelela omasipala namabhizinisi kamaspala mayelana nokuqalisa iMithethonqubo yoMasipala ngoMsebenzi wokuBalwa kweziMali (iMunicipal Regulations on Standard Chart of Accounts – mSCOA).

Inhlosi enkulu yalolu hlelo ukuqinisekisa ukuthi zonke izinhlelo zokuphathwa kwezimali nezinhlelo ezisetshenziswa esifundazweni ziholela ekutheni kube nokuphatha ngendlela enokonga nokunemiphumela emihle ekuphathweni ngendlela izinsizakusebenza zesifundazwe. Ukukhishwa nokuqapha ukusebenza kwemiyalelo nemigomo namazinga kubalulekile uma kuzoba nohlelo olusobala nolusebenzayo lokuphathwa kwezimali.

Lolu phiko luzoqhubeka nokuqequesha nokulekelela omasipala namabhizinisi omasipala ukuze bkwazi ukukhipha izitativende zezimali ezethembekile futhi kuhlelwe izimali ngendlela ehambisanayo nezidingo zoMthethonqubo we-mSCOA.

UPhiko lumphinde lweseke imiNyango namaBhizinisi kaHulumeni ngokuphathwa kwezimali ukuze kuhlelwe ukubhalwa kwezitativende zezimali, ukulawula izikweletu zikhulumeni, ukukhokha ngesikhathi nokuphatha impahla. Ithimba elibhekele “uhlelo lokukhokha ngesikhathi” likhona ukuze libhekane ngqo nezikhalazo zokungakhokhelwa ngesikhathi noma sekwedlule isikhathi ama-*invoice* abahlineka bemisebeni nokubika eHhovisi likaMgcinimafa kuZwelonke ngokulandelwa koMyalelo No. 34. Lolu phiko lweseke amaSMME ikakhulukazi ukuxazulula izindaba zokungakhokhelwa ngezikhathi ezahlukene.

### 3.3.2 UHlelo oluNcane lokweSeka neziNhlelo eziXhumanayo zeziMali

Lolu hlelo luyaqhubeka nokweseka izinhlelo zezimali esifundazweni. Lolu hlelo oluncane luyaqhubeka nokuhlinzeka ukuvikeleka okudingekayo ohlelweni IweBAS nolwePersal ngaleyo ndlela lusiza ukuthi isifundazwe singalahlekelwayimali. Ngokusetshenziswa kohlelo lwezithupha iBiometric Access Control System (BACS), akukho obugebengu bokukhwabanisa osebuke babikwa kwabantu abangaziwa.

### 3.3.3 UkuNciphisa kokuSetshenziswa kweMali okungaGunyaziwe

Amathimba alawula izinhlelo ezincane okuyilezi, **Accounting Services, Supply Chain Management** ne-Norms and Standards, azothatha izinyathelo ezinqala ukuqinisekisa ukuthi kunabokungenelela kusenesikhathi ukuze kugwenywe imiphumela engemihle yokucwaningwa kwamabhuku, ukusebenza budlabha kwezimali nokumoseka kwezimali.

Lezizimpikozibalulekileekuqalisweniko Myalelo No. 2 ka 2019/20 weHhovisi likaMgcinimafa kuZwelonke ophinde ukhalime ukusebenza kwezimali okungagunyaziwe ezikhungweni ezingaphansi kwe PFMA ngokomthetho olawula ukusetshenziswa kwezimali okungagunyaziwe. Ngenxa yalokhu, zonke izicelo zokuvunyelwa ukusebenza izimali ezingagunyaziwe eminyangweni kahulumeni wesifundazwe nasemabhizinisini kahulumeni okusoHlwini 3C no 3D kwiPFMA kumele kulethwe eHhivisi likaMgcinimafa wesiFundazwe elithintekayo ukuze likubheke. Ukuhlela mayelana nokuqaliswa koMkhombandlela wokugunyazwa kokusetshenziswa kwezimali okungahleliwe sekungasemaphethelweni ukuze kuzoqinisekiswa ukuthi zonke izicelo zokugunyazwa ezenziwa yiminyango, ziyacutshungulwa engakedluli umhla ka 31 kuNdasa 2020.

Uphiko lakwa-Norms and Standards lubhekele ukwakha, ukuhlela nokuqaliswa, kanjalo nokuqapha ukulandelwa kwemigomo namazinga okusetshenziswa kwezimali eminyangweni yesifundazwe, komasipala nasemabhizinisini ukuze kuphathwe kahle izimali.

Lolu Phiko luzoqhubeka nokweseka iminyango, omasipala namabhizinisi ukugxila ekubuyekezeni nasekwakhiweni kwezinqubomgombo ebalulekile yezimali, imiyalelo yokusebenza namazinga nemikhombandlela yamazinga ajwayelekile okusebenza. UPhiko luzozama ukugxila kakhlulu emsebenzini

walo wokuQala nokuhlola ukulandelwa kwemigomo yokuphathwa kwezimali futhi luqhamuke nezixazululo, uma zidingeka.

Uhlaka IoMhlahlandela wokuDluliselwa kwaMandla IwemiNyango luyabuyekezwa ukuqinisekisa ukuthi ukudluliselwa kwamandla kuyasayinelwa emazingeni afanele ukuze kube nemiphumela edingekayo, ngesikhathi esifanayo kugxilwa kakhulu ekuhlinzekweni kwezidingo ngendlela esheshayo nefanele. Ukubuyekezwa nezichibiyelo, uma kudingeka zizophothulwa ngoMandulo 2019.

**Ukuthola kwethu umbiko ongenagcobho wokucwaningwa kwamabhuku okwehlandla lika 9 kuVoti 6 nasesiKhwameni seziMali zesiFundazwe kungubufakazi bokuzibophezela kwethu nasekulandeleni kwethu imithetho yokuphathwa kwezimali.**

### **3.3.4 Uphiko lakwaSCM lesiFundazwe**

Uphiko lakwaSCM lesiFundazwe lusabheka ezinye izinhlelo zemigomo ezingasetshenziswa ukuze kuqhutshelwe phambili izinhlelo zokuletha izinguuko ezinqala kwezomnotho (Radical Economic Transformation). IHovisi likaMgcinimafa esifundazweni lumataso nokusungula uphiko olukhethekile oluzoqinisekisa ukuthi kuqala ukusebeza iMithethonqubo yokuHlomulisa kwezomnotho labo ababencishwe amathuba ebizwa nge Preferential Procurement Regulations of 2017. Uhlelo lokuqasha seliqalile. Lolu phiko luhlose ukuhlolisisa imigomo yamathenda angaphezu kwezigidi eziyisihlanu kuyona yonke iminyango ukuba aqinisekise ukuthi eseka uhlelo IweziNguuko eziNqala kwezoMnotho esiFundazweni.

Lolu phiko seluphothule ngempumelelo uhlelo lokuqalisa ukulawulwa kwezinkontileka kubo bonke omasipala kanti njengamanje luqaphe inqubekelaphambili mayelana nokwesekwa msebenzi osuqaliwe. Kuyaqhube ka ukuqapha umsebenzi osuqaliwe kanti kumanje bangu 60% omasipala asebenamarejista axilongiwe ezinkontileka. Lolu Phiko lukhuthaza ukuba kubonakale ukulandelwa kwemithetho ngenhlosa yokunciphisa izigamelo zokusebenza kwezimali okungahleliwe eminyangweni nakomasipala. Siqale uhlelo lokuqhube ukulawulwa kwezinkontikeka eminyangweni yesifundazwe.

IHHovisi likaMgcinimafa wesiFundazwe lizoqhubela nokuhlinzeka ukwesekwa mayelana neSCM eminyangweni, komasipa, nasemabhizinisini

kahulumeni okutholakala ukuthi asenkingeni ngendaba yokukhishwa kwamathenda. Ukwesekwa kuhlinzekwa ngokuthi kuthunywe abantu ezikhungweni ezahlukene abazokwazi ukufike bahlonze amagebe nobuthaka obukhona ekukhishweni kwamathenda bese kuqalwa izinhlelo ezifanele zeSCM zokulungisa isimo.

### **3.3.5 Uphiko lokuBambisana kwaHulumeni neziNkampani eziziMele**

Uphiko lokuBambisana kwaHulumeni neziNkampani eziziMele luzoqhubeka nokulekelela iminyango nomasipala ukuthi bakwazi ukuba namakhono okusingatha amaphrojekthi alolu bambiswano.

Kokubili ukubuyekezwa kwenkontileka nohlelo lokukhululwa mayelana nenkontileka ehlanganyelwe yaseNkosi Albert Luthuli Central Hospital (IALCH) sekuphothuliwe, kanti uphiko kumanje lusiza uMnyango wezeMpilo ukuba uqalise izincomo zemibiko yomibili.

Lolu phiko futhi luyalekelela Ilembe Water Concession. IBorough of Dolphin Coast yangena esivumelwaneni neSiza Water Proprietary Limited (Siza Water) ukuze kuphakelwe amanzi nokuthuthwa kwendle endaweni ehloniwe kumasipala. Lolu phiko luzocubungula isivumelwano sale phrojekthi bese luyaluleka ngayo.

Uphiko lwe PPP luzoluleka uMasipala waseMhlathuze ngohlelo oluhlongozwa yiloMasipala lokuhlanza amanzi ukuze akwazi ukuphinde asetshenziswe.

## **3.4 UHELO 4: ABACWANINGIMABHUKU BANGAPHAKATHI – R166.345 MILLION (ISUKA KU R144.555 MILLION NGO 2018/19)**

Ukwenyuka kwezimali kuka 15% kudalwe wukulungiswa kwesimo sokungaxhaswa ngokwenele kophiko Iwabacwaningimabhuku bangaphakathi esifundazweni. Ukwenyuswa kwemali bekuncike ocwaningweni Iwesu eligunyaziwe leminyaka emithathu lokusebenza kophiko Iwabacwaningimabhuku bangaphakathi esifundazweni.

### **3.4.1 Igatsha lakwa-Assurance Services**

UPhiko lunesibalo esikhulu samabhuku okumele acwaningwe ngokwesu lokusebenzalaminyakayonkelesiFundazwe. Lawamabhukuacwaningwayo kubhekwa ngokwengcuphe yalowo nalowo mnyango; ukuthi izindlela

zokulawula ngabe zihloliwe zakhombisa ukuthi zingakwazi ukuqinisekisa iziphathimandla ukuthi ingcuphe igwenyiwe. Ngenxa yokuthi ukuma kophiko akukakabuyekezwu, kunokushoda okukhulu kwabasebenzi ophikweni, okuholele ekutheni kuthenjelwe kakhulu ezinkampanini zangaphandle, okufaka ingcindezi ezimweni sezimali esivele sintenga kulolu phiko.

UPhiko lukwazile ukwenza amaprojekthi okucwaninga amabhuku angu 180 onyakeni wezimali ka 2018/19. Ngonyaka wezimali ka 2019/20 kuzogxilwa ekutheni kwensiwe ucwaningo Iwamabhuku emisebenzini ethile ehloniwi yeminyango kanjalo nokubhekwa kwamabhuki athinta izimali okubalwa ukuphuma nokungena kwazo, ukubheka impahla, ukucwaninga ngokukhishwa kwamathenda, ukulawulwa kwezinkontileka, ulwazi ngamazinga okusebenza nokubhekwa kokuqashwa kwabasebenzi.

Ngaphezu kwalokho, kwensiwe ucwaningo olukhethekile Iwe-IT, kwabhekwa izinga lokusebenza nokusebenza kwezimali kuyo yonke iminyango esifundazweni ngokuhambisana nesu lokusebenza laminyaka yonke eligunyazwe yikomidi lokucwaningwa kwamabhuku nokubheka ingcuphe lesifundazwe futhi oluhambisanyo nesabelomali esikhona.

UPhiko luhinde Iwenza eminye imisebenzi yokulandeleta mayelana nokucwaningwa kwamabhuku ukuze kubonakale ukuthi ngabe iminyango iyakwenza yini okunconywe nokuvunyelwene ngakho embikweni yabacwaningimabhuku bangaphakathi neyomcwaningimabhuku-jikelele. Siyahhubeka nokunxusa iziphathimandla ukuba bazihiloniphe izincomo ezivela kule mibiko yokucwaningwa kwamabhuku futhi bazifezekise ukuze kube noshintsho kwimiphumela yokucwaningwa kwamabhuku.

Ukubekwa komsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi akukakaxazululwa. Umbiko walolu cwaningo usuphothuliwe kanti kulindeleke isinqumo kulo nyaka wezimali ngalolu daba.

### 3.4.2 UPhiko Iwe-Risk and Advisory Services

I-Risk and Advisory Services uPhiko lakwa-Internal Audit. Lolu phiko lujutshwe ukuba lweseke iminyango yesifundazwe, amabhizinisi kahulumeni nomasipala mayelana nokulawula ingcuphe nokunye okupathelene nokuphatha uhulumeni.

UHlakalesiFundazwelokuLawula iNgcupheluzokhishelwayonke iminyango yesifundazwe ngonyaka wezimali ka 2019/20. Lokhu kuzosiza uMnyango ekutheni uhlele uHlelo lokuLawula uLwazi ngeNgcuphe IweCURA ukuze luhambisane noHlaka lesiFundazwe lokuLawula iNgcuphe, futhi uhlelo Iwenabele kuyona yonke iminyango yesifundazwe.

Ngonyaka wezimali odlule (2018/19), iminyango yesifundazwe yakhombisa amazinga aphansi okuvuthwa mayelana nokulawula kwengcupe nezindlela zangaphakathi zokulawula ingcuphe. Ngakho-ke uHlaka IwesiFundazwe olubuyekeziwe lokuLawula iNgcuphe kuhloswe ngalo ukuba kukhuliswe amazinga okuvuthwa eminyangweni yesifundazwe mayelana nokulawula ingcuphe nezindlela zokulawula zangaphakathi. Uphiko luzoqhubeka nokulekelela iminyango ngomsebenzi wongoti wokuhlola ingcuphe okubandakanya ukuhlola ukulandelwa kwemigomo yezempilo nokuphepha emsebenzini kuyona yonke iminyango.

Ngophiko Iwethu IwakaRisk and Advisory, iHhovisi likaMgcinimafa esiFundazweni luzophinde lusize laba omasipala ababhekene nezinselelo zokungakwazi ukuphatha kahle ukusebenza, okubalwa ukuvuthwa mayelana nokulawula ingcuphe njengoba kungasho imiphumela yombiko woMcwaningimabhuku-Jikelele.

### 3.4.3 Uphiko IwezoPhenyo

Siwuphiko sithole izicelo ezingamakhulu amane neshumi nesikhombisa (417) zokuba siphene kusukela ngoZibandlela 2009 kuya kuNdasa 2019 ezivela eminyangweni kahulumeni, amabhizinisi kahulumeni nakomasipala. Inani esiliphenyayo elibandakanya enkohlakalweni nasekukhwabaniseni lilinganiselwa ku-R9.023 billion, kusukela ngoZibandlela ka 2009 kuza manje.

Cishe ezingu 80% kwizicelo zophenyo ezitholakele ziphenyiwe kwaqedwa. Lapho bekumele kwenziwe uphenyo lobugebengu sidlulisele ezinhlakeni zomthetho ukuze ziphinde ziphenye. Izicelo ezingu 20% ezisele yizinto ezithinta inkohlakalo nokukhwabanisa kumanje simatasa nazo.

Iningi lezinsolo esizitholile saziphenya zibucayi futhi zijulile. Lolu phenyo luyabiza futhi seludale ukuba uphiko lube nengcindezi yezezimali. Uphiko ngakho-ke selucele izikhungo zohulumeni basekhaya namabhizinisi kahulumeni ukuba axhase uphenyo olwenziwa kubona, izigcawu zamacala

nokupheywa kobugebengu. UMgcinimafa wesiFundazwe uyoSiza lapho kunesidingo khona uma engakwazi, kodwa uzogxilala kakhulu ezicelweni zophenyo ezivela eminyangweni yesifundazwe. Uphiko lumphinde Iwacela iminyango yesifundazwe ukuba nayo ixhase ngezimali izigcawu zamacula ayo futhi ngezinye izikhathi ixhase nokuphenywa kwamacala obugebengu.

Uphiko lokuphenywa kwamacala luzibophezeke ukulwa nenkohlakalo nokukhwabanisa futhi selusize izinhlaka zomthetho ezifana ne-Anti-Corruption Task Team (ACTT), iNational Prosecuting Authority (NPA), iSouth African Police Services (SAPS), SCCU ne-Asset Forfeiture Unit ezindabeni ezidinga ukuphenywa kwamacala obugebengu. Uphiko lumphinde Iwasiza iziphathimandla eminyangweni ukuhlanganisa izincwadi ezifungelwe ukuze babhalise amacula obugebengu futhi luxhumana njalo nabaphenyi kanjalo nabashushisi ukuze kuzonquywa ngesimo samacula afakiwe ukuthi ngabe luhkona yini olunye usizo oludingekayo.

Uphiko lunikwe ijoka lokuqapha ukwenziwa kwezincomo eziqukethwe embikweni wokugcina wophenyo wezikhulu zezimali ngokwahlukana kuyona yonke iminyango mayelana namacula obugebengu, ukuqondiswa izigwegwe nokumangalelana. Ngomsebenzi owenziwe ngonyaka wezimali ka 2018/19, kwatholakala umyalelo wenkantolo wokuba kubuyiswe imali engango R543 million.

### **3.5 UHLELO 5: UKULAWULWA KWEZIMALI ZOMASIPALA – R63.893 MILLION (ISUKA KU R63.709 MILLION NGO 2018/19)**

Uhlelo 5 lusungulwe ngo 2018/19 ngokuhambisana nohlaka olusha Iwawo wonke amahhovisi abaGcinimafa olugunyazwe yiBudget Council Lekgotla ngomhla ka 8 kuLwezi 2014. Uhlelo olusha Iuhlinzekela uhlaka oluLangene mayelana noPhiko lokuPhathwa kweziMali zoMasipala elizogxila kakhulu kulabo masipala abahloniwe. Ukukhula kancane kwesabelomali salolu hlelo sesisonke ngo 2019/20 kungenxa yokuthi lolu hlelo Iuhlelo ukwenziwa kanyekanye ukuze kubhekthane nezingqinamba oHlelo 3 ukuze kusizwe omasipala namabhzinisi omasipala ukuba asebenze ngendlela ehambianayo nemithethonqubo ye-mSCOA.

Uhlelo lokuPhathwa kweziMali koMasipala Iuhlukene amagatsha amane, okuwuHlelo lokweSeka, iSabelomali sikaMasipala, ukuBalwa kweziMali nokuBika

kuMasipala noHlelo lokweSeka oMasipala. Igatsha lesihlalu, lokuLawula iNgenisomali neziKweleti lizoqala ukusebenza ngo 2020/2021 esikhathini seMTEF. Uphiko luzosiza futhi lunike omasipala abahlonziwe izeluleko ngokusingatha ingenisomali nezikweleti.

IHhovisi likaMgcinimafa lesiFundazwe lizothuthukisa amakhono ukuze kubhekwanie namaphuzu ayisithupha abalulekile ahlonzwe ezingeni likazwelone okubalwa kuwo.

- ISabelomali nokuBika
- UkuPhathwa kweMpahla
- UkweSeka imiSebenzi yokuCwaninga amabhuku
- UkweSeka i-mSCOA
- UkuLawula iNgenisomali
- UkuLawula ukuKhishwa kwaMathenda

UPhiko leSabelomali soMasipala luzoqhubeka nokuhlinzeka ngolwezokwesekwa kulabo masipala abathintekayo esifundazweni ukulungiselela izabelomali zabo zeminyaka ehlukene, okubandakanya izabelomali zokuchibiyela, ukuqapha imiphumela yalezo zabelomali kanjalo nokuqapha ukuhambisana nemithetho esebezayo.

Uphiko IwezokuBika luzohlinzeka omasipala abathintekayo ngokwesekwa ekuPhathweni kweziMali, ukuLawula iMpahla ne-mSCOA. Le misebenzi izofakwa kancane kancane esikhathini seMTEF kuze kube kutholakala amakhono adingekayo ngaphakathi.

Uhlelo lokweSeka oMasipala (MSP) iuhlose ukuhlinzeka omasipala ngokwesekwa ngongoti bese kwelekelelwa omasipala ukuthi bathole izindlela zokuphucula ukuhlinzekwa kwezidingo. IMSP iphinde isize omasipala ukuba balandele imithetho ekhona ngesikhathi esifanayo bethuthukisa amakhono ngesikhathi besathola usizo. Usizo lubandakanya izinto usizo ekuqoqeni intela kanjalo nokulawula izibonelelo.

Uhlelo lokuPhathwa kweziMali zoMasipala luzibophezele ukusiza omasipala benze ngcono ukuphathwa kwezimali zabo kanjalo nohlelo lokubika. Okuqaphelekayo, wukuthi impumelelo nozinzo ezinhlelweni zokweseka omasipala kungabonakala kuphela uma abasebenzi nosopolitiki kulabo masipala abathintekayo bezibophezel. Omasipala kudingeka bakubeke ezandleni zabo ukweseka izinhlelo

zokungenelela futhi baqinisekise ukuthi bayawakha amakhono ngaphakathi ukuze zibe ngcono izinhlelo zabo zokuphatha izimali, ngaleyo ndlela kuthuthuke ukuhlinzekwa kwezidingo.

#### 4. ISIPHETHO

abantu baKwaZulu-Natal basethembe ukuba sibaphathele izimali zomphakathi ngethemba lokuthi sizoziphatha kahle lezi zimali futhi siqinisekise ukuthi sizisebenzisa lapho kudingke khona ngempela – okungukuphucula izimpilo zabantu abahlwempu ngesikhathi esifanayo kukhuliswa khona umnotho ngendlela enozinzo nangokubhekelela ukulingana kwabantu bamazinga ahlukene.

Sizokwenza okusemandleni ukuhlangabezana nalokho abakulindele kithi.

Kunesisho sesintu esithi: “*Awusini uphethe ubhaskidi wamaqanda*”. Njengomnyango okuyiwona oqaphe ukusebenza kwezimali zesifundazwe sifunda okukhulu kulesi shiso. Kepha asikwazi ukuba novalo, sime singenzi lutho. Sizoqhubelela phambili ngokukhulu ukuzethemba nangokuqikelela.

Mangithathe leli thuba ngiphinde ngibonge kakhu lu kwiNhloko yoMnyango wami nabo bonke abasebenzi eMnyangweni wami, ngomsebenzi wabo wonke oncomekayo nangokuzinikela kwabo okungeqhathaniswe.

Ngiyethemba ngingathembela kuwona wonke amaLungu aHloniphekile akule Ndlu ukweseka isabelomali sonyaka wezimali ka 2019/20 sesamba sikaR721.629 million seVoti 6, ngokuzwa izinhlelo zethu nesihlose ukuba kufezwe yiHhovisi likaMgcinimafa wesifundazwe osekushiwo kulo mbiko.

Njengamanje kuyintokozo kimina ukunethulela lesi sabelomali ukuze nisamukele.

Ngiyabonga.

AMANOTHI